## Ongenisa izingcezu zensimbi ulahlwe icala ngokusenga ezimithiyo Ekuqinisekisweni Kwempahla Emngceleni

**Tshwane, 3 kuNdasa 2022 –** Inkampani engenisa izimpahla ezweni ezinze eCape Town kanye nabaqondisi bayo batholakale benecala lokudalula ngokungelona iqiniso umthwalo wezingcezu zensimbi ngenhloso yokubalekela ukukhokha intelo esanda kwethulwa ezimpahleni ezingeniswa ezweni uma ziyizingcezu zensimbi.

Inkampani ogama layo yi-Scrapmania, kanye nomqondisi wayo u-Joseph Daniel Hurling, balivumile icala lokudalula ngokungelona iqiniso eHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni base bobabili behlawuliswa inhlawulo engu-R500 000, kanti uMnu. Hurling yena uphinde wahlawuliswa omunye u-R100 000 ngaphezulu eNkantolo Yesifunda YaseThekwini.

Mhla zingama-23 kuMandulo 2021, i-Mirage Shipping idlulise isidaluli sempahla engeniswa ezweni engamakhontena ayishumi e-“*polymers* kanye ne-*ethylene*” egameni le-Scrapmania. Umthwalo wasuka eCape Town waya echwebeni laseDurban, lapho owaboshwa khona uma ufika, emva kokuba wavezwa ukuthi uyasoleka ngohlelo lweHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni.

Mhla ziyi-12 kuMfumfu 2021, wahlolwa kwatholakala ukuthi uqukethe izingcezu zensimbi, ezidinga ukuba ube bemvume yeKhomishini Yokuphathwa Kokuhweba Kumazwe Omhlaba (i-ITAC) futhi kudingeka ukuba ukhokhe intelo yokungenisa impahla ezweni.

Kwabe sekubhaliswa icala lobugebengu ngokuphula imithetho Customs and Excise Act kanye ne-ITAC Act.

Imboni yezingcezu zensimbi yimboni eyenza izigidigidi zamarandi kanti futhi zinegalelo elilinganiselwa ku-R15 billion njalo ngonyaka emikhiqizweni ehlangene yasekhaya eNingizimu Afrika.

Ngonyaka wezi-2017, inkampani yezingcezu zensimbi ilahlwe icala eNkantolo yoMthethosisekelo ngenkathi bephonsela inselelo uMbuso ngokuhlinzekelwa umthetho mayelana nokuthelekiswa kwezingcezu zensimbi, okwaziwa ngokuthi uhlelo lokuncishiswa kwephesenti lenani, kanye nesinqumo se-ITAC sokunqaba ukukhipha izimvume zokuthelekisa, ngokuhambisana nohlelo lokuncishiswa kwephesenti lenani. Lokhu kufike cishe emva kweminyaka emine wombango wecala ngokokuba semthethweni kohlelo lokuncishiswa kwephesenti lenani.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uthe, “uSARS uzinikele ekuxhumaniseni ukuhwebelana kanye nokukhulisa umnotho wezwe. Uzoqhubeka nokwenza kube lula futhi kungabi nazihibe ukuba abahwebi bakwazi ukuthobela izibopho zabo ngokomthetho ngokubahlinzeka ngengcaciso nesiqinisekiso. Ngokulinganayo, uSARS wakha amandla nomthamo wawo wokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo bahwebi abakhetha ukungathobeli. Lesi yisexwayiso sokuthi siyosiphuna nezidindi ekuqinisekiseni ukuthi labo ababandakanyeka kule ndlela

yokuziphatha okuncike ebugebengwini bayayikhotha imbenge yomile. Imali ishodiswa ukudalula okungelona iqiniso okwenziwa ngenhloso”.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za